Drive your imagination

# 10 reasons to use your library



1 **Help your children be better readers.** Research shows that children who use the library are nearly twice as likely to be above-average readers than children who don't. *(National Literacy Trust)*



2 **Establish the reading habit.** Regular trips to the library help you and your children make a regular "date" with books so you all get into the habit of reading!

3 **Something for everyone.** Libraries offer books for all ages and interests, all under one roof – from board books for babies, to picture books for young children, and novels and information books for older children and adults.

4 **Reading for free.** Libraries offer a wider variety of reading material than we could ever own – and it is free!



5 **Who's your favourite?** Libraries are great places to find out who your favourite authors are – and you can keep discovering new ones too!

6 **Reading to write.** Reading stories written by others can help inspire children's own story writing.

7 **More than books.** Many libraries also offer more than just books – for example, CDs, DVDs, newspapers and magazines. Some libraries also have computers you can use to access the Internet.

8 **Enjoy free activities.** Some libraries offer activities especially for children (like regular storytelling times) that let them have fun with books.

9 **Ask for advice.** Librarians are knowledgeable! Ask them about good and popular books for children, teenagers and yourself.

10 **Quiet space.** The library is a peaceful place for older children to do their homework. There are plenty of books to help them do research for school projects and assignments.



# Izizathu eziyi-10 zokusebenzisa umtapo wakho wezincwadi



1 **Ukusiza izingane zakho ukuthi zibe abafundi bokubhaliwe abangcono.** Ucwaningo lukhombisa ukuthi izingane ezisebenzisa umtapo wezincwadi zisemathubeni aphindwe kabili okufunda kangcono kunezingane ezingafundi. *(National Literacy Trust)*

2 **Ukuqala umkhuba wokufunda.** Ukuya njalo emtatsheni wezincwadi kusiza wena kanye nezingane zakho ukuthi nihlale "nizinika isikhathi" nezincwadi ukuze nonke ningenwe ngumkhuba wokufunda!

3 **Into yalowo nalowo muntu.** Imitapo yezincwadi ihlinzeka ngezincwadi zabantu abaneminyaka nezidingo ezahlukene phansi kophahla olulodwa – kusukela ezincwadini zabantwana eziwuqwembe, ukuya ezincwadini ezinezithombe zezingane esezikhulile kanye namanoveli nezincwadi zokuhlinzeka ngolwazi zezingane esezindadlana nabantu abadala.



4 **Ukufunda mahhala.** Imitapo yezincwadi inezincwadi ezahlukene neziningi kunalezo ebesingaba nazo – futhi azikhokhelwa!

5 **Ubani umbhali omthandayo?** Imitapo yezincwadi iyindawo enhle kakhulu yokuthola ukuthi bangobani ababhali bakho obathandayo – futhi ungathola khona nabasha!

6 **Ukufunda ukubhala.** Ukufunda izindaba ezibhalwe ngabanye kungakusiza ukuthi unike izingane zakho intshisekelo yokuthi zibhale izindaba zazo.

7 **Akutholakali izincwadi nje kuphela** Imitapo yezincwadi eminingi ihlinzeka ngokungaphezu kwezincwadi – isibonelo, ama-CD, ama-DVD, amaphephandaba namaphephabhuku. Eminye imitapo yezincwadi inawo namakhompyutha ongawasebenzisa ukuze ungene ku-inthanethi.



8 **Ukuthokozela ukwenza imisebenzi yamahhala.** Eminye imitapo yezincwadi iba nezinto ezilungiselwe izingane (ezifana nokuxoxwa kwezindaba njalo ngemuva kwesikhathi esithile) ezizenza zizijabulise ngezincwadi.

9 **Cela iseluleko.** Abasizi bomtapo wezincwadi banolwazi oluningi! Babuzeni ngezincwadi ezinhle nezidumile zezingane, ezamabhungu namatshitshi nawe futhi.

10 **Indawo ethule.** Umtapo wezincwadi uyindawo enokuthula lapho izingane ezindadlana zenza khona imisebenzi yazo yesikole yasekhaya. Kunezincwadi eziningi ezingazisiza ukuthi zenze ucwaningo lwamaphrojekthi ezikole nama-asayimenti.